



NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2022

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA II
ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: Amahora ama-3

Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-6. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
 2. Qala isiqephu nesiqephu ekhasini elisha. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
 3. Bhala izinombolo zemibuzo zihambisane nezisephepheni lokuhlolwa.
 4. Fundisisa imibuzo ngaphambi kokuphendula.
 5. Bhala ngesandla esifundekayo, uhlele ngobunono umsebenzi wakho.
-

ISIQEPHU A IMIBHALO**Phendula Umbuzo 1 NOMA Umbuzo 2.****ESITHANGAMINI SEZETHAMELI: P. B. Maphumulo no-A. M. Maphumulo****QAPHELA: Phendula umbuzo OWODWA kwelandelayo.****Bhala i-esityi ezoba izigaba ezine kuya kwezinhlanu amagama abe phakathi kwangama-300 kuya kwangama-350.**

Nakhu okubalulekile ukuze uthole umklomelo omuhle:

- Hlela i-esityi njengoba uyalelwe.
- Sebenzisa ulimi oluhle nolunothile.
- Impendulo yakho ayikhombise ulwazi olunzulu lwendaba.
- Impendulo yakho ayibhalwe ngesiZulu esihle.

UMBUZO 1**Buka isithombe esilandelayo, ufunde nenkulumo ehambisana naso bese ubhala i-esityi njengoba uyaleliwe.****Kunomvuzo**

[Izithombe zibolekwe kuWikihow]

SICUTHE: (ngezwi lokukhononda) Hhayi ngeke! Alikho iqiniso lapha emhlabeni bakithi. Sekungaze kuqashwe umadakeni lona? Kuyekwe mina ngizimisele, ngigqoke kahle nakangaka pho? Ingani mina ngifunde kangcono kunalo Thobani wakho mqashi?

[Kucashunwe ekhasini 84]

Inkulumo engenhla iveza ukuthi uSicthe **uyimbangi** emelene nempumelelo kaThobani, uThobani yena **ungummeleli**.

Bhala i-esityi uveze ukuthi umbhali uphumelele yini ukwenza laba balingiswa babonakale njengembangini nommeleli kulo mdlalo. Phetha ngokugqamisa umphumela wokudonsisana kwabo.

[30]

NOMA

UMBUZO 2

Umdloli



[Izithombe zibolekwe ku-*inthanethi*]

Bhala **i-esityi** ukhombise ukuthi umlobi umkhulisa kanjani uSibisi njengomlingiswa oqavile futhi okwaziyo ukuguqula indima ayidlalayo ukuze afeze inhloso yakhe. Kufanele uthinte nabanye abalingiswa.

[30]

Phendula Umbuzo 3 NOMA Umbuzo 4.**AMAGEMFE: M. Hlengwa, L. Mathenjwa, T. Qwabe**

Khetha umbuzo OWODWA ubhale i-eseyi ezoba phakathi kwamagama **angama-300 kuya kwangama-350**. Impendulo ayihlelwe ibe yizigaba ezine kuya kwezinhlanu.

QAPHELA:

- Hlela i-eseyi njengoba uyaleliwe.
- Sebenzisa ulimi oluhle nolunothile.
- Impendulo yakho ayikhombise ulwazi olunzulu lwendaba.
- Impendulo yakho ayibhalwe ngesiZulu esihle.

UMBUZO 3**Yamukela Lokho Okuphiwe****Inhliziyo Yomthakathi**

UXolisile endabeni ethi "Yamukela Lokho Okuphiwe" noMaRadebe endabeni ethi "Inhliziyo Yomthakathi" bafakela abantu ababathandayo ingcindezi ngalokho abakufunayo bese lokhu kugcine kuphendula laba bantu ababathandayo izisulu zabo.

Bhala **i-eseyi** ufakazele amazwi angenhla ubhekise kumasu asetshenziswe nguMaRadebe noXolisile ukuphoqelela izinto nokuthi kube namiphumela miphi kuXolisile, kuMaRadebe nakwabanye abalingiswa.

[30]**NOMA****UMBUZO 4****Umzwangedwa**

"Yimina okumele axolise ... Ngixolele Zamo ... Yimina uSizwe owakuyengela emotweni. Ngakuphoqa ... ngathi ngiyasebenza eThekwini. Ngangifunda oNgoye."

[Kucashunwe ekhasini 27]

Le ndaba inomyalezo othi: Akukho **okufihlakele okungeyukuvela, iqiniso linendlela yokuziveza**.

Bhala **i-eseyi** uhlaziye la mazwi angenhla ukuthi umlobi uwudlulise kanjani lo myalezo ngokusebenzisa uMfihlo noZamile

[30]**Amamaki angama-60**

ISIQEPHU B UKUBHALELA IZIMO EZITHILE

Uzothola imiklomelo emihle uma ulandela imigomo:

- Isakhiwo esihle sombhalo.
- Ulimi oluhle nolunotho ngezimo zokukhuluma.
- Ingcikithi ekhombisa ulwazi lombhalo nokuziqambela.
- Irejista, ithoni nesitayela okufanele.

UMBUZO 5

Bhala ngamagama ayi-150 kuya kwayi-180.

Wena awujabulile ngendlela idolobha langakini elingcole ngayo nesimo semigwaqo engagculisi.

Bhalela umphathi kaMasipala **incwadi** ukhononde ngalokhu nobungozi bakho emphakathini.



[Izithombe zibolekwe ku-*inthanethi*]

[20]

UMBUZO 6

Ikhadi lokuxolisa

Bhala ngamagama ayi-150 kuya kwayi-180.



[Izithombe zibolekwe ku*Wikipedia*]

Wena ukhulume kabi kumngani wakho wamsola ngento angayenzanga.

Mbhalele **ikhadi lokuxolisa** ukhombise ukuzisola ngesenzo sakho.

[20]

Amamaki angama-40

Amamaki esewonke ayi-100